Kuzokwenzekani kimi uma ngenza iphutha lokungakhokhi ngokungenabulungiswa noma ngiyeka ukukhokha imali yesondlo?

Umyalelo wokuqiniswa komthetho kubantu, iwaranti yokuqiniswa komthetho ngokwesigaba 27 somthetho wezondlo, ukufakwa kwezimali ngokwesigaba 28 nokufakwa kwezikweletu kungenziwa kuphikisane nawe.

Issued by the Department of Justice and Constitutional Development
Chief Directorate: Promotion of the Rights of Vulnerable Groups
Private Bag X81, Pretoria, 0001
www.justice.gov.za
2012

isiZulu

IMIBUZO EVAMISE UKUBUZWA

KHA RI UNDE

ISONDLO

the doj&cd
Department:
Justice and Constitutional Development
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

STAND TOGETHER FOR RIGHTS
Jimyela i Justice

Ubani okufanele akhokhe isondlo?

Kuyisibopho somthetho sabo bobabili abazali begazi, ogogo nomkhulu noma umbheki osemthethweni wengane ukuthi akhokhe isondlo.

Ngingasifuna isondlo kugogo nomkhulu?

Yebo isondlo singafunwa kogogo nomkhulu begazi uma abazali bengakwazi ukukhokha isondlo.

Ingabe isondlo siwumsebenzi wabazali begazi kuphela?

Cha, nanoma ngubani obhekene nokukhulisa ingane, okungukuthi umbheki osemthethweni, abazali abemukele ingane njengayabo ngokusemthethweni kanye nogogo nomkhulu bengane, uma abazali begazi bengenazo izindlela zokukhokha isondlo.

Kungani kufanele ukhokhe isondlo?

Kufanele ukhokhe isondlo sokuphila okufanele nokukhuliswa kwengane, futhi kubandakanya ukuhlinzeka ngokudla, izimpahla zokugqoka, indawo yokuhlala, ukunakekelwa ngokwelashwa kanye nemfundo.

Ingabe kuyimpoqo ukukhokha isondlo?

Yebo, kuyimpoqo ukukhokha isondlo.

Kufanele usifake kuphi isikhalazo sesondlo?

Kunanoma iyiphi inkantolo kamantshi yasendaweni lapho umfakisicelo kanye/noma ingane ehlala khona .

Ngingakwazi ukuya kunanoma iyiphi inkantolo kamantshi ezweni ukuyofaka isicelo sesondlo?

Yebo, ungaya kunanoma iyiphi inkantolo kamantshi yasendaweni lapho wena kanye/noma ingane ehlala khona.

Kufanele sikhokhwe kaningi kangakanani isondlo? Kufanele kukhokhwe malini yesondlo?

Imali yesondlo kufanele ikhokhwe nyanga zonke ngezinsuku izinhlangano zombili ezivumelene ngazo nezivunywe yinkantolo. Inani lemali elizokhokhwa lizonqunywa yizidingo zengane kanye nezindlela zemali zabazali

Kufanele uyeke kumiphi iminyaka yobudala ukukhokha isondlo?

Isondlo kufanele sikhokhwe ingane ize ikwazi ukuzondla ngokwayo.

Kwenzekani uma umuntu obhekene nomsebenzi wokukhokha isondlo eshona?

Imali yesondlo kufanele ikhokhwe efeni likamufi ukukhokhela isondlo sesikhathi esizayo.

Kwenzekani uma ingane isifika eminyakeni eyi-18 yobudala futhi isalokhu ingakazondli ngokwayo?

Ukukhokhwa kwesondlo kuzoqhubeka ingane ize izondle ngokwayo. Kodwa-ke, ukukhokhwa kwesondlo kufanele kudiphozwe ngqo ku-akhawunti yasebhange yengane.

Ngingakwazi ukukhulisa/ukwehlisa imali yesondlo ngemuva kokuba umyalelo sewunikeziwe?

Yebo, ungakwazi ukucela ukwehliswa/ukukhuliswa kwamanani emali, ikakhulukazi uma izimo zomnotho sezishintshile.

Yimiphi imibhalo engiyidingayo ukufaka isicelo sokufuna isondlo?

Umazisi, isitifiketi sokuzalwa, izitatimende zasebhange zabo bobabili abazali, uhlu lwezindleko zengane, uhlu lwezindleko zabo bobabili abazali, njll.

Ngingasifuna yini isondlo lapho sihlala ndawonye nobaba/nomama wengane?

Yebo, ungasifuna isondlo uma omunye umzali engabhekani nomsebenzi wokondla ingane.